BHANJEKHU

Nanka amaphuzu amane asemqoka uma kuboniswana ngezindlela okungabukezwa ngazo umbhalo:

1 inkulumo indala kunombhalo
2 ingxoxo nenkondlo kakufani
3 izimpawu zephimbo ziyasiza
4 injobo ithungelwa ebandla

„Bhala njengoba ukhuluma“ (= „Bhanjekhu“)

Siyayithintitha incwadi kuqathake konke okuyizinhlamvana okuhlale kuhlale kudide uma umuntu efunda. Sihlakulela ukuthi amehlo edlule lula emagameni encwadi, emukelisane kalula nolimi, kunciphe ukungingiza, ufundwe kanye umusho uqondakale.

Siholwa yile mibono:

1 inkulumo indala kunombhalo:
Lapho umbhalo uthathela kude khona, silandela inkulumo.
Isibonelo: umbhalo uthi “uSimakade”; “ibhayibheli”
inkulumo ithi: “*uSmakade*”; “*ibhaybheli*”

2 ingxoxo nenkondlo kakufani:
Izinhlamvu zibhalwa ziphelele nòma enkulumweni zingathinteki zonke.
Inkondlo iyanqamulela; ifuzé inkulumo.
Isibonelo: ingxoxo ithi “Musa ukungikhohlisa!”
Inkondlo ithi “*Msukung'khohlisa!*” noma “*Msung'khohlisa!*”

3 izimpawu zephimbo ziyasiza:
Siphokophele ukuthi zigcine zingasadingeki izimpawu zephimbo. Okwamanje
sibona kudingekileukusetshenziswa kophawu lwephimbo esenzweni esisenka-
thini esanda kwedlula.
Isibonelo: “Ngedlulé bedlala umlabalaba.”
“Ngifiké selingene isonto.”

4 injobo ithungelwa ebandla:
Kukho konke okunye *sizoqhubeka sihambisane nemithetho yokubhalwa kwesiZulu eyaphakanyiswa yanqunywa yisigungu solimi lwesiZulu ngo-1989*. Imibono emisha esiba nayo (ikakhulukazi mayelana nokubhalwa kwamagama okwethekelwa: „uNovemba“; „irisidi“; „ama-ekzem“) siyoyethula njalo emkhandlwini, sicele izeluleko.

nguBheni wakwaKhumalo
16.09.1996